## Isingeniso

Uma isimo esikhona njengamanje singashintshi; cishe ukuthi yonke imindeni esizweni sakithi izogcina isithintekile ngandledlana thize yisifo esingumashayabhuqe ingculaza (HIV/Aids). Kumanje nje vele izigidi zabantu sezigulisswa yilesi sifo. Imindeni abangani kanye nayo yonke imiphakathi ikhandleke kakhulu yimizwa eyahlukeneyo; ukwesaba kanye nentukuthelo; ukungazi ukuthi izothathani iyihlanganise nani; ukulahlekelwa nokuhlululwa; ububha kanye nokwesaba ukutshingwa kwasebehlabekile kanye nokufa uqobo.

Kulo lonke iZwi leNkosi kukhona umgomo omiyo noqinisekileyo; noma ngabe impilo ibukeka isilahla esibaziyo besijikela nanoma sizizwela sesiyimitshingo ibethwa ngubani, uNkulunkulu osithandayo uma nathi njalo. UNkulunkulu wethembekile futhi uya ngokusithanda njalo uhamba nathi kuzo zonke izimo ezesabekayo, umuntu angabambelela angayeki othandweni nasebuqothweni buka Nkulunkulu. Njengoba uPawula esho, noma kungathiwa kwenzekani, "akukho lutho ulongasahlukanisa nothando lukaNkulunkulu kuKristu Jesu." *(KwabaseRoma 8:39b)*.

Usafunda lezi zigatshana zezindima zeZwi leNkosi ezikule ncwajana, ungalibali ukucabangisisa ngothando lukaNkulunkulu olusindisayo nangomnikele wakhe wethemba nenduduzo kubo bonke labo abasezinhlungwini nasenhluphekweni.

## UNkulunkulu usithanda sonke ngothando olujulileyo

IBhayibheli liyakuqinisa likugcizelele ukuthi uNkulunkulu unakelela wonke umuntu ngokungakhethi bala lamuntu. Ikakhulukazi iBhayibheli lambula uthando olukhethekileyo

## Kulabo abaphethwe yisifo sengculaza (HIV/ Aids) kanye nalabo abasondelene nabo

IBhayibheli Elingcwele liletha izindaba ezinhle -Izindaba Ezinhle zothando lukaNkulunkulu nokusamukela kwakhe emseni wakhe.

Kule ncwadi uyothola amazwi enduduzo kanye nagqugqquzelayo acashunwe eBhayibhelini akhombisa ukuthi awuwedwa. Lapha uzofumana ukuthi:

- UNkulunkulu usithanda sonke ngothando olujulileyo
- UNkulunkulu unathi njalo
- UNkulunkulu uveza ukwemukeleka nothando kuwo wonke umuntu
- UNkulunkulu uzihlanganisa nabalahliweyo
- Ithemba lethu kuNkulunkulu ledlulela ngale kokufa
- UNkulunkulu ungumthombo weqiniso wethemba
- UNkulunkulu wethembisa ukuphila okuphakade kubo bonke abakholwayo
- Ikusasa lethu liqinisekile kuJesu Kristu

Kuyithemba lethu elikhulu ukuthi leliZwi likaNkulunkulu liyoba ngumthombowenduduzo nethemba kubo bonke abathintekile yisifo sengculaza (HIV/Aids).

Kanye kanye, asikhulekele ukuthi bonke labo abaguliswa yingculaza (HIV/Aids) bangamukeliswa zonke izithembiso zeBhayibheli eziyithemba nensindiso, “akukho lutho oludaliweyo oluyokwazi ukusahlukanisa nothando lukaNkulunkulu.”

## Kulabo abaphethwe yisifo sengculaza (HIV/Aids) kanye nalabo abasondelene nabo

IBhayibheli Elingcwele liletha izindaba ezinhle – Izindaba Ezinhle zothando lukaNkulunkulu nokusamukela kwakhe emseni wakhe.

Kule ncwadi uyothola amazwi enduduzo kanye nagqugquzelayo acashunwe eBhayibhelini akhombisa ukuthi awuwedwa. Lapha uzofumana ukuthi:

- UNkulunkulu usithanda sonke ngothando olujulileyo
- UNkulunkulu unathi njalo
- UNkulunkulu uveza ukwemukeleka nothando kuwo wonke umuntu
- UNkulunkulu uzihlanganisa nabalahliweyo
- Ithemba lethu kuNkulunkulu ledlulela ngale kokufa
- UNkulunkulu ungumthombo weqiniso wethemba
- UNkulunkulu wethembisa ukuphila okuphakade kubo bonke abakholwayo
- Ikusasa lethu liqinisekile kuJesu Kristu

Ishicilelwe yasatshalaliswa
yi-Bible Society of South Africa.
**www.biblesociety.co.za.**

BibleSA.co.za
BibleSA
**Download our Bible apps here.**

ISBN 978-0-7982-2092-7
9 780798 220927